



education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL
SENIOR CERTIFICATE**

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2008

AMAMAKI: 120

ISIKHATHI: Amahora amabili (2)

Leli phepha linamakhasi ayi-20.

IMIYALELO KWABAHOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Isifundo sokuqondiswa (30)

ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)

ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (60)

ISIQEPHU D: Imibhalo (20)

3. Abahlolwayo mabaphendule yonke imibuzo ekuleli phepha bese behetha esiqeshini D.

4. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA (COMPREHENSION)**UMBUZO 1**

- 1.1 Funda le ndatshana engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Zizoqina Ezokuphepha Kuvalwe Neminye Imigwaqo

Idolobha laseThekwini limi ngomumo ukwamukela izivakashi ezilindeleke ukuthi zitheleke ngobuningi bazo njengoba kuqala amaholidi kaKhisimusi. Abantu bavamise ukuba ngangezihlabathi zolwandle ngelesi sikhathi sonyaka. Imigwaqo engenela e-Beach Front, okuyiyona egcwala kakhulu izovalwa uma izindawo zokupaka seziphelile ukuze kungabi nesiminyaminya.

UMnumzane Emmanuel Kleinbooi uthe nakuba uMkhandlu weTheku ungakaqedu ukuhlela kodwa seyikhona imigwaqo eyaziwayo ukuthi izobe ivaliwe. Uthe amabhasi ngeke avunyelwe ukuhamba emgwaqeni u-Mahatma Gandhi noBrickhill kodwa wathi amabhasi namatekisi avumelekile ukwehlisa nokuthatha abantu kule migwaqo kodwa angapaki.

Umgwaqo u-Soldiers Way noMansel Rank izobe ivuleleke kuwonke wonke ukuthi apake emini nasebusuku. UWest, uSmith, uGillepsie, Wonder no-Ordinance, yize izobe ivuliwe kodwa kungenzeka ivalwe ngemigoqo kodwa amaphoyisa azobe ekhona elawula lesi siminyaminya. Ibishi laseMdloti, izoba nezindawo ezhilelwe ukupaka ezengeziwe kanti nakhona ezikadalawane zizobe zikhona ukuqapha isimo.

UKleinbooi uthe abahlala kulezi zindawo ngeke baphazamiseke. "Bonke abahlala emafulethini, abanemizi noma amabhizinisi eduze kwemigwaqo ezobe ivaliwe bazonikwa amakhadi okungena noma kuvaliwe, "kuchaza uKleinbooi. Ngezimo eziphuthumayo kungashayelwa ku-082 911.

Okhulumela amaphoyisa omgwaqo kuleli dolobha u-Superintendent Thozamile Tyala uthe bazoqinisekisa ukuthi umkhankaso woMnyango Wezokuthutha esifundazweni uyafezeka. "Sizoqinisekisa ukuthi abaphula imithetho yokuziphatha emabhishi njengokuphuza amanzi amponjwana esidlangularaleni nokuba wuvanzi bedakiwe bazofakwa ozankosi, "kuchaza uTyala.

IMIBUZO:

- 1.1.1 Iyiphi imigwaqo egcwala kakhulu ngokwale ndaba? (1)
- 1.1.2 Ngubani lo othi seyikhona imigwaqo eyaziwayo ukuthi izobe ivaliwe? (1)

- 1.1.3 Kusho ukuthini ukuma ngomumo? Khetha eyodwa ezimpendulweni ezilandelayo:
- (a) Ukuma ngendlela ethize
 - (b) Ukuma uqonde
 - (c) Ukuhlala usulindele noma yini engenzeka
- (1)
- 1.1.4 Izimo zokukhuluma EZIKUKHOLOMU A zingaqondana naziphi izincazelo EZIKUKHOLOMU B.
- | KHOLOMU A | KHOLOMU B |
|---------------------------------------|---------------------------------------|
| (a) Ukuba uvanzi. | (i) utshwala |
| (b) Ukuba ngangezihlabathi zolwandle. | (ii) ukugcwala kwabantu yonke indawo. |
| (c) Amanzi amponjwana. | (iii) bayaboshwa |
| (d) Ukufakwa ozankosi. | (iv) amaphoyisa |
| (e) Ezikadalawane. | (v) abantu abaningi |
- (5)
- 1.1.5 Lisho ukuthini leli gama: isiminyaminya?
- (2)
- 1.1.6 Ucabanga ukuthi kungani amabhasi angavunyelwa ukuhamba emigwaqeni uMahatma Ghandhi noBrickhill?
- (2)
- 1.1.7 Kusho ukuthini ukuthi ivuleleke kuwonke wonke?
- (2)
- 1.1.8 Iyiphi inombolo engashayelwa uma kubikwa izimo eziphuthumayo? Eyayiphi i-network le nombolo? Sekela impendulo yakho.
- (2)
- 1.1.9 Bhala izimo ezimbili ocabanga ukuthi kungaba eziphuthumayo kulesi siminyaminya.
- (2)

1.2 Bheka isithombe esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.



IMIBUZO

- 1.2.1 Bangaki abantu besifazane abethwele izicholo kulesi sithombe? Bhala inombolo ngegama lesiZulu. (2)
- 1.2.2 Indoda eyembethe ingubo yokulala ingumhlobo muni? Khetha kulokhu okulandelayo:
- (a) umZulu
 - (b) umSuthu
 - (c) umSwazi
- 1.2.3 Esasiphi isilwane isikhumba esembethwe yindoda emi eceleni? (1)
- 1.2.4 Ngokubona kwakho kwenziwa yini lona omunye wesimame engayifikanga imvunulo? (2)
- 1.2.5 La madoda avunule, awavunule ngokuphelele. Uyavuma noma uyaphika. Sekela impendulo yakho. (3)
- 1.2.6 Umthwebuli (photographer) walesi sithombe uyayithanda imvunulo yesintu. Uthini wena? (2)
- 1.2.7 Laba bantu abavezwe lapha abakhombisi ukujabula. Sekela impendulo yakho. (1)

AMAMAKI ESIQEPU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA (SUMMARY)**UMBUZO 2**

Fingqa le ndatshana ngamagama akho angaba ngama-40 kuya kumagama angaba ngama-50. Sebenzisa imisho eyisishiyagalombili (EIGHT sentences) uma ufingqa.

UFATHER CHRISTMAS UYISETHENJWA

Ukugcwala kakhulu kwezincwadi emabhokisini amathathu eposini laseTshwane ezivela ezinganeni eziningi ezweni lonke, kukubeke kwacaca ukuthi u-Father Christmas useyindoda edume kakhulu emhlabeni. Selokhu uqalile uDisemba ziningi kakhulu izingane esezibhalele u-Father Christmas izincwadi zicela izipho zikaKhisimusi ezahlukene.

Iningi lezingane zisuke zibhala izincwadi ngoba ziziphathe kahle unyaka wonke futhi zibona zikufanele ukuthengelwa izipho. Ezinye zisuke zivulela le ndoda eziyethembayo isifuba. 'Ngicela ungitshelele udadewethu owashona eminyakeni emithathu eyadlula ukuthi ngiyamthanda futhi ngiyamkhumbula', lawa ngamagama akhona kwezinye zezincwadi. Lezi zincwadi zikhombisa ukuthi u-Father Christmas usathandwa kakhulu yizingane.

Ezinye izincwadi zizithinta kakhulu izinhlizyo zabantu ngoba izingane zikhapha konke okusezinhlizyweni zazo. Enye yezincwadi ezibheke ku-Father Christmas ithi: 'Ngicela usivakashele ekhaya lezingane (children's home) ungiphathelle unodoli (teddy bear). Ngicela futhi ungiphe umama ozoba ngowami ngedwa.'

Izingane eziningi zicela amafoni nonodoli kodwa kukhona lezo ezicela izinto ezixakile ezifana nezikhiye. Lezo zingane ezingakwazi ukubhala kahle ziyaye zidwebe izipho ezicela ku-Father Christmas ngoba ziziphathe kahle unyaka wonke, ngoba azibadelelanga abantu, ziwenzile umsebenzi wazo wesikole kanti zizame konke okusemandleni ukuthi zingazilumi izinzipho.

Izincwadi eziningi ziyakhombisa ukuthi abazali bezingane yibona abasizile ukuthi zibhale izincwadi bese izingane zidweba ngemibala ehlukene. Abasebenza eposini bazama konke okusemandleni ukuthi baziphendule lezi zincwadi kodwa kwesinye isikhathi kuba nzima ngoba asuke engabhalive amakheli okufanele zibuyiselwe kuwo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI (LANGUAGE USAGE)**UMBUZO 3**

3.1 Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

'UBaby-Jake' Matlala owayengumpetha odumile wesibhakela. Washiya abashayisibhakela abaningi ababembukela phansi bemangele (bekhexe imilomo). Nami ngangicabanga kanjalo ngesikhathi ngimvakashele. Kodwake okwami kwakunomehluko ngoba angizange ngibone isibhakela esisezingeni eliphezulu kangaka. Ngalolo suku engangimvakashele ngalo ngazitshela ukuthi kuzoba yinto elula ukuhambisana naye uma esegijima ibanga lika 10 km ekuseni kanti angikaboni lutho, okukhulu kuseza. UBaby Jake wangehlula kangangoba ngagcina sengilandela emva kwakhe sengiphelelw amandla. Wayeshiya izihlweli zabantu. Ngalowo nyaka le nsizwa yakwaMatlala yakinemyaka engu-37 ishaya isisindo esingama-48 kg kanti ubude bayo buyi 1,45 m. Ngokusebenza kwayo le ndoda imele ukuba yisicebi manje.

Njengamanje isithathe umhlalaphansi kwezesibhakela. Njengoba kwenzeka kubo bonke abazali base-South Africa usuku luka-Baby Jake Iwaluqala ngehora lesithupha ekuseni uma eselungiselela ukuphuthumisa esikoleni amadodana akhe uTshepo omdala, noMasego, okunguyena omncane, uthunjana phela esikoleni. Uma uMantji Ntsoko obasizayo eseqedile ukulungiselela abafana bakhe, uMatlala uyabahambisa. Zinenhlanhla izingane zakwaMatlala ngokuba nabazali. Ezinye ziyizintandane azikwazi nje ukuhaniswa esikoleni abazali.

IMIBUZO:

Bhala amagama adwetshelwe emishweni engezansi abe **sebuningini**.

- 3.1.1 UMatlala uselahle **umshayisibhakela** phansi. (1)
- 3.1.2 **Mina wangehlula** ngashiya phansi konke. (1)
- 3.1.3 **Insizwa yazalelw** eSoweto. (2)

3.2 Yakha **izikhuliso** zeziphawulo ezidwetshelwe emishweni engezansi.

Isibonelo: Umama uthanda umntwana **omuhle**.
Umama uthanda umntwana **omuhlekazi**.

- 3.2.1 Washo wathi kuyeza **okukhulu**. (1)
- 3.2.2 Ubaba **omude** kaTshepo usefikile. (1)

- 3.3 Bhala igama elilodwa elisendabeni engenhla elingamelwa yilelo nalelo binzana elingezi.
- 3.3.1 Ingane engenabazali. (2)
 - 3.3.2 Umuntu onemali eningi. (2)
 - 3.3.3 Imali eholwa ngumuntu ongasasebenzi ngenxa yobudala beminyaka yakhe. (2)
 - 3.3.4 Ingane yokugcina ngokuzalwa ekhaya. (2)
 - 3.3.5 Umuntu okwazi ukwenza into ayenzayo ngempumelelo njalo nje. (2)
- 3.4. Khetha amagama achazayo endabeni oyifundile ku-3.1 afana nalawa adwetshelwe esiqeshaneni esilandelayo.
- UBaby Jake (3.4.1) owaziwayo ushiye phansi (3.4.2) umdlalo wamanqindi ngoba eseshaye abantu (3.4.3) abayinqwaba wabehlula. Njengabo bonke abantu uvuka ekuseni (3.4.4) impela alungisele abafana (3.4.5) bakaMatlala. (10)
- 3.5 Bhala izifinyezo zamagama adwetshelwe emishweni engezansi:
- UMnumzane uMatlala uhlala KwaZulu-Natal kanti uNkosikazi Matlala yena useSoweto. (3)
- 3.6 Bhala **ubulili besifazane** noma **besilisa** bamagama abhalwe ngokuggamile (bold).
- AbaFana** bakaMatlala uTshepo noMasego baya esikoleni. Kwesinye isikhathi singathi **amadodana** akhe. Le **nsizwa** yayineminyaka engu-37. (3)
- 3.7 Mqondo muni olethwa amagama adwetshelwe? Khetha ezimpendulweni ezinikezwe ngezansi.

ukuteketisa, ukukhombisa ubuncane bento, ukweyisa.

- 3.7.1 Le ndojejana yakwaMatlala iyasishaya isibhakela. (1)
- 3.7.2 Woza lapha mfanyana wami. (1)
- 3.7.3 Bakhexha imilonyana uma bezwa ngodumo lwakhe. (1)

[35]

UMBUZO 4


4.1 Hlanganisa le misho elandelayo ngezihlanganiso ezifanele. Khetha kulezi ezilandelayo.

nokho, kodwa, kanti, ngoba, ukuze

- 4.1.1 UMatlala ushaye abaningi. Bambukela phansi. (1)
- 4.1.2 Okwami ukuvakasha kwakwehlukile. Mina ngamvakashela. (1)
- 4.1.3 Ingushampeni omkhulu. Inesisindo esingu-48 kg. (1)
- 4.1.4 Ivuka ekuseni. Ilungiselele amadodana ayo. (1)
- 4.1.5 Ngangithi kuzoba yinto elula. Angibuzanga elangeni. (1)
- 4.2 Lungisa igama elidwetshelwe ukuze le misho elandelayo ikhombise **ukwenzana nokwenziwa** njengoba kukhonjiswe egameni elikubakaki (brackets).
 - 4.2.1 Abafana (dlala) ibhola. (ukwenzana) (2)
 - 4.2.2 Umalume (vakasha) izingane. (ukwenziwa) (2)
- 4.3 Bhala lo musho ube **senkathini ezayo**:
Izingane zidlala isibhakela njalo ntambama. (1)
- 4.4 **Phikisa** lo musho:
Kulula ukuhambisana nabantu besibhakela. (1)
- 4.5 Sebenzisa la magama angezansi wenze umusho onikeza umqondo ozwakalayo.
Isibhakela, uJake, ukushaya, kudala, uqale. (2)
- 4.6 Khipha **umenzi nomenziwa** kulo musho:
UMatlala ushaya uNcitha. (2)
[15]

UMBUZO 5

- 5.1 Bhekisa lesi sikhango (advertisememt) esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.



- 5.1.1 Kwenziwa yini u-34 abhalwe ngokugqamile? (2)
- 5.1.2 (a) Yiliphi igama elisetshenzisiwe kulesi sikhangisi okuwulimi lwasikhashana? (1)
- (b) Ngabe lichaza ukuthini lelo gama? (2)
- 5.2 Bhala la magama ngesiZulu.
- 5.2.1 (a) Sports (1)
- (b) Entertainment (1)
- (c) Food (1)

- 5.3 Ulimi olusetshenziswe kulesi sikhangisi akulona ulimi oluncengayo ukuthi abantu bathenge i-satellite dish: Uthini wena? (1)

5.4 Kwenziwa yini amagama akhuluma ngemali abhalwe ngozonhlamvukazi? (Capital letters) (1)
[10]

AMAMAKI ESIQEPEHU C: 60



ISIQEPHU D**QIKELELA UKUFUNDA IMIYALELO NGAPHAMBI KOKUPHENDULA IMIBUZO**

1. Phendula imibuzo ngencwadi **EYODWA KUPHELA.**
2. Incwadi iyinye inamamaki angama-20

UMBUZO 1: UKUBE...NGABE: S.J. MCHUNU

- 1.1 **Funda umbuzo olandelayo bese ubhala impendulo ingeqi emaphuzwini amahlanu.**

Kule ncwadi, Ukube...Ngabe, uMnumzane Mchunu uvezwe njengomuntu ngakuboni ukubaluleka kwemfundo. Kuyena imali yiyona ebalulekile. Bhala amaphuzu amahlanu atholakala endabeni akhombisa ukuthi uMchunu wayengenandaba nemfundo.

(5)

- 1.2 **Funda nasi isiqephu esicashuniwe bese uphendula imibuzo:**

“Thoko, kwenzenjani wahamba ijuba likaNowa, ubuhleliphi?” Bese ngicabanga ukuyokufuna.” Umama useyafutheka ukudinwa.

“Mama uSipho obengivimbezele ethi usefuna ukuba sishade. Ubaba wakhe semthengele umuzi edolobheni eThekwini, wabuye wathi ubaba wakhe uzomlobolela ngezinkomo zoboya.” Ngase ngichiphiza futhi uSipho ngase ngimqhathe ngamqeda nabazali bami.

“Mihlola mini ongihlolela yona Thoko? Uthini? Musa ukubheda la wena! Uvuma ukukhohliswa umfana okuzothi ngemuva kweminyaka embalwa nje usekulahlile?”

Umama wayesegane unwabu. Ungibuza nje sekuthi akangidumele ngenduku.

“Mama mina ngike ngambuza uSipho ukuthi ivelapi le ndaba asengibeleso ngayo kangaka nje? Ngesonto eledlule besizixoxela naye kumnandi. Sixoxa ngezifiso zethu sobabili. USipho wathi uyofundela ubumeli, nami sengicele ukuba ngiyofundela ubudokotela.”

- | | | |
|-------|---|-----|
| 1.2.1 | Ubephumaphi uThoko ngesikhathi evinjezelwa uSipho? | (1) |
| 1.2.2 | Yini eyenza uSipho ashintshe isifiso sakhe sokuba udokotela? | (1) |
| 1.2.3 | Ngabe uThoko wasamukela yini isicelo sikaSipho? | (1) |
| 1.2.4 | Ngabe isinqumo esathathwa uThoko mayelana nesicelo sikaSipho samsiza noma samphuthisela ngomcebo? Sekela ngesizathu esizwakalayo. | (2) |

1.3 *Bhala izimpendulo zale mibuzo elandelayo ngokugcwele:*

- | | | |
|-------|---|-----|
| 1.3.1 | UThoko wayezalwa nguMabani? | (1) |
| 1.3.2 | Wayecabanga ukuthi uphethwe yini uSipho? | (1) |
| 1.3.3 | kwakungubani umngani kaSipho? | (1) |
| 1.3.4 | Kwakungubani udadewabo kaThoko omdala owashada esemncane? | (1) |
| 1.3.5 | Kwakungobani obaba abancane bakaSipho? | (1) |

1.4 *Phendula ngokuthi okushiwo ngezansi KULIQINISO noma AKUSILONA IQINISO.*

- | | | |
|-------|---|-----|
| 1.4.1 | UMnumzane Khanyile wayenguthishanhloko kwesinye sezikole eMlazi. | (1) |
| 1.4.2 | UMnumzane Mchunu wayembukela phansi uyise kaThoko ngoba eyisichaka. | (1) |
| 1.4.3 | Uthisha weGuidance owayefundisa oThoko wayengawukhathalele umsebenzi wakhe futhi engenandaba nekusasa lezingane ayezifundisa. | (1) |
| 1.4.4 | UThoko wathola ingane engakaqedu ukufunda. | (1) |
| 1.4.5 | UMkhulu noMama kaThoko, babezwana kakhulu. | (1) |
- [20]**

NOMA

UMBUZO 2**IMPICABADALA: N G DLAMINI**

2.1 Phendula umbuzo olandelayo. Impendulo yakho mayibe ngamaphuzu amahlanu:

2.1.1 UNgqondo wahluleka ukwenza umsebenzi wokukhulisa izingane zakhe kahle. Akazange abe umama oqotho. Bhala izenzo ezimbi zikaNgqondo ezitholakala endabeni. (5)

2.2 Funda nasi isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

Donsa: Ubuyaphi ebusuku kangaka wedwa?

Okusho ukuthi ubungikhohlisa uma uthi ubaba wakho Alufakwa ubuya nodaka, unigade njengezinja zamaphoyisa. (Uyamamatheka). Sesizoze siziqede zonke ebumnyameni nalolu luthi lukamentshisi selusho ukungishisa. (Uyaluthintitha, luyacisha. Ukhanyisa olunye uyaqhubeuka ufuna isibani.) Unganaki Deli, umazi wempohlo lona, izinto azihlali ngononina. Awudonse umnyango kancane ngithole ukukhanya kwenyanga nezibani zikagesi, mhlawumbe sengizofuna ngithole.

Delisile: (ngokuhuduleka uyavula kukhanya luvivi.) Usufune kangaka kanti ufuna into esobala nje? (Uyalithatha ilambu, uthatha umentshisi kuDonsa uyakhanyisa

Donsa: Hawu phela Deli injobo enhle ethungelwa ebandla. Ukube ngimane ngaba isimungulu nje ngabe namanje ngisabhudula angitholi.

2.2.1 Bakuphi oDelisile lapha? (1)

2.2.2 Ufike kanjani uDelisile lapha? (1)

2.2.3 Ngabe uqinisile yini uDonsa uma ethi uyimpohlo? (1)

2.2.4 Yini eyaphazamisa oDonsa noDelisile besahlezi ngalobo busuku? (1)

2.2.5 Yini eyenziwa nguDelisile ngalobo busuku eyamenza alimale? (1)

2.3 Qedela imisho elandelayo ngegama elifanele.



- 2.3.1 Kwakungubani uyise wezingane zikaNgqondo? (1)
- 2.3.2 Wafihlelwani undlovu ngesikhathi ezolobola? (1)
- 2.3.3 Ubani inyanga eyanika uDelisile umuthi ukuthi ashade?. (1)
- 2.3.4 Ubani umngani kaDelisile owayemsiza esikoleni uma ehlushwa uThemba? (1)
- 2.3.5 Wawufakwe kuphi umuthi owenza uDelisile ukuba avume ukushiya uyise? (1)
- 2.3.6 Kwakungubani igama likamabhalane owayesebenza esikoleni esifunda uDelisile? (1)
- 2.3.7 Yini eyayenza kube nzima kuYodwa ukuthatha uDelisile noNozipho azohlala nabo emva kokushona kukaMaMbedu? (1)
- 2.3.8 Wayenezingane ezingaki uDelisile? (1)
- 2.3.9 Wayenza msebenzi muni unkosikazi owayegane indoda eyashada noDelisile. (1)
- 2.3.10 Nikeza igama lengane yomfana eyayizalwanguYodwa, umama omncane kaDelisile noNozipho. (1)
- [20]**

NOMA

UMBUZO 3**ISIPHETHU SOBUMBONGI: L. F. MATHENJWA**

3.1 *Funda inkondlo elandelayo bese uphendule imibuzo.*

MBUNGULU NDINI: T.W. NTULI

Ubomvu tebhu mbungulu yoqobo,
 Ubomvu igazi lami.
 Ngaphandle kwami ubungebuthole
 Ububomvu oyibo namhlanje,
 Kodwa uyangeya awungenzimuntu.
 Madoda ididekile le mbungulu!
 Ingiklolodela ngegazi lami.
 Ayisakwazi nokuhamba

Igazi lami, elincela bukhoma.
 Lekelelani ngafa yimbungulu!
 Ngithi ngiyacasha ingifumane,
 Ngithi ngiyabaleka ingifice,
 Ngithi ngibikel' abakhulu
 Kanti nabo bamndeni munye nembungulu

- 3.1.1 Shono ukuthi inkondlo engenhla ikhuluma ngani. Impendulo yakho
 ingeqi emigqeni emihlanu. (5)

3.2 **NYONI EMAPHIKOPHIKO: T.W. NTULI**

Halala nyon' emaphikophiko
 Ngizinamel' izimpiko zakho
 Ezinhlobonhlobo kuhle kwempigogo
 Uphaphe nophaphe lunegama.
 Halala nyoni emaphikophiko!
 Singihlaba umxhwele isiqhova
 Okungathi esempigogo,
 Maqede wandizisa okwayo.

Halala nyoni emaphikophiko!
 Uy' eskhungweni semfundo
 Ephakeme wabuya usumayikayika,
 Izimpaphe nezimpaphekazi ezahlukene.
 Halala nyoni emaphikophiko!
 Eyathwasa maqede yathwasisa
 UZulu ngalokho ujosutha
 Kithina uyiqhawe lethu.

Halala nyoni emaphikophiko!
 Qhawe lezwe lonke,
 Namhlanje uchamsele amachwane
 Amachwane awufuzo lwakho

Halala nyoni emaphikophiko!
 Kithina ufana neqola
 Inyoni edla ezinye,
 Kodwa wena udla iziqu.
 Halala nyoni emaphikophiko!
 Endiza ihlobo nobusika,
 Qhawe likaZulu wonkana

3.2.1 Chaza amabinzana alandelayo njengoba esetshenzisiwe endabeneni.

- (a) Nyoni emaphikophiko (2)
- (b) Uchamsele amachwane (2)
- (c) Amachwane awufuzo lwakho (1)

3.2.2 Phendula uthi IQINISO noma AKUSILONA

- (a) Le nkondlo engenhla ikhuluma ngomuntu owavezama ukundiza. (1)
- (b) Into embi ngalo muntu owayendiza ukuthi wayengafuni ukufundisa abanye ukuthi kundizwa kanjani. (1)
- (c) Abambukayo endiza babethi uyinyoni. (1)
- (d) Umbhali uyancoma kule nkondlo. (1)
- (e) Kuzwakala sengathi isiZwe sonke siyaziqhenya ngemisebenzi yalo muntu. (1)

3.3 INKONDLO ELANDELAYO BESE UPHENDULA IMIBUZO.**MBALI YETHEMBA: B.M. HOPHE**

Ngibuka kuphel' amehlo kwelikaMthaniya,
 Ngizibon' izintaba zemilando kaZulu,
 Eyayilandwa ngokhokho besadl' anhlamvana,
 Behluba udlubu ekhagini ngamagugu kaZulu,
 Kimi angefane nemballi yami yethemba,
 Ehlobis' isigcawu sakwaNothando.

Imiful' iyagobhoza njengezinyembezi zenkumbulo,
 Ezigobhoz' ezinhliziyweni zibomvu,
 NjengeNcome yasemandulo kwelikaMthaniya,
 Imiful' igobhozi' izidel' olwandle,
 Kepha ezami zophela ezibilini zendabuko.

Kuyo le mfundakazi yogagane nenkunzana,
 Kuwo lo omagade ahlabayo,
 Mvelingqangi ngisindise njengoSindisiwe,
 Ungilonde njengoLondiwe ezembeni lomkhonyovu,
 Ngiyiphendle eyami ngifike njengoFikile,

Ngibheke ithemba njengoBhekithemba,
 Ngilule isandla Mvelingqangi,
 Ngiyinqampul' ihlobis' emagcekeni kwethu.

3.3.1 Khetha impendulo eyiyona yona kwezinikeziwe. bhala umusho owukhethile ngokugcwele.

Kule nkondlo umlobi:

- (a) Uqhathanisa isithandwa sakhe nobuhle bamagug akwaZulu.
- (b) Uqhathanisa ubuhle bezimbali ehlolo nasebusika
- (c) Uncoma isithandwa sakhe.
- (d) Utshela abangani bakhe ngesithandwa sakhe. (1)

3.3.2 Kule nkondlo umlobi:

- (a) Uthi akafuni yena ukuganwa.
- (b) Unxusa uNkulunkulu ukuthi amsize amuphe amandla okuthi akwazi ukuyilobola ayishade.
- (c) Usitshela ngoSindisiwe, igama lentombi afuna ukuyilobola.
- (d) Uzosusa zonke izimbali ezisemhlathini azositshela ekhaya kubo. (1)

3.3.3 Imbali yethemba kule nkondlo isho:

- (a) Isithandwa sembongi.
- (b) Imbali esehlathini.
- (c) Umlando wakwaZulu.
- (d) Izihlobo zembongi esezaashona (1)

3.3.4 Endimeni yesithathu imbongi ikhuluma ngezembe lomkhonyovu. Iqondeni ngalokhu?

- (a) Izigebengu ezilimaza abantu ngezikhalu.
- (b) Ukufa.
- (c) Ukuphelelwa yimali.
- (d) Ukuzithola sewenza ubugebengu ngoba uphoqwa ukuhlupheka. (1)

3.3.5 Endimeni yesithathu imbongi ithi "Kuwo lo omagade ahlabayo" imbongi iqondeni ngalokhu?

- (a) Umhlaba esiphila kuwo.
- (b) Izindawo zasemakhaya lapho umuntu ehlatshwa khona ameva uma ehamba
- (b) Uthando olukhulu.
- (d) Indawo egcwele izimbali.

(1)
[20]

AMAMAKI ESIQEPU D: **20**

AMAMAKI ASWEWONKE: **120**

